# Ithimba lenhlanzeko

U Nkosikazi Khumalo uyamemeza, "Dumisani ungasebenzisi izihlahla ukuya endle, sebenzisa izindlu zangasese." U Dumi uyesaba ukusebenzisa izindlu zangasese zasesikoleni. Lezizindlu zingcolile,ziyanuka, kanti nezihlalo zazo zinkulu. Useke wezwa nokuthi kunenyoka enkulu ehlala ngemuva kwalezindlu.

Mrs Khumalo calls, "Dumisani, don't use the bushes, use the toilets." But Dumi is afraid to use the school toilets. They are dirty and smelly and the seats are too big. He has also heard that a big snake lives behind them.



U Dumi usehlezi endlini yangasese, usezwa umsindo woukufutha oqhamuka ngasemuva, acabange ukuthi owenyoka. Uyagxuma ugijimela egunjini lakhe lokufundela. Wethuke kakhulu usekhohlwa nawukuhlamba izandla zakhe.

Dumi is sitting on the toilet. He hears a loud hissing noise behind the toilets. He thinks it is the snake. He jumps up and runs back to his classroom. He is so scared he forgets to wash his hands.



Ngalobo busuku u Dumi usezithola ehanjiswa yisisu. Unina  usemphuzisa amanzi anxutshwe noshukela kanye neswayi. Ngakusasa usagula ngakho unina umhambisa emtholampilo.

That night, Dumi gets a runny stomach. His mother gives him a mixture of water, sugar and salt to drink. The next day he is still sick so she takes him to the clinic.



Umhlengikazi emtholampilo usethi, " Uma ungazihlambi izandla ngemuva kokusebenzisa indlu yangasese uzogula." uDumi usekhumbula ukuthi ubesaba inyoka waze walibala nawukuhlamba izandla zakhe.

The nurse at the clinic says, "If you don't wash your hands after using the toilet you can get sick." Dumi remembers that he was so scared of the snake that he forgot to wash his hands.



*U Bali uphatheke kabi ngokuthi uthuse u Dumi. Uthatha amapulangwe uya nawo esikoleni ufike uzama ukulungisa izindlu zangasese, lomsebenzi unzima kakhulu.*

*Bali feels bad that he frightened Dumi. He takes some planks to school and tries to fix the toilets, but it is too difficult.*



u Bali uxoxisana noyise. Ngempelasonto benza amabhokisana okuma izingane Uma zisezindlno zangasese. Bafaka izibambo ezindongeni, balungisa izicabha. Bahlanza izindlu zangasese. "Ningawufaki ushibhoshi emgodini wezindlu zangasese," kusho uyise ka Dumisani, "ushibhoshi ubulala amabhakthiriya asiza ukwenza umchamo nendle kungabi nangozi."

Bali talks to his father. On the weekend they make boxes for the children to stand on. They put handles on the walls and fix the doors. They clean the toilets. "Don't put Jeyes Fluid in the toilets," says his father. "It kills the good bacteria that make the poo and wee safe."



*U Nkosikazi Khumalo umangazwa ngumehluko wezindlu zangases." Ubaba nami esenze lokhu," kusho u Bali emoyizela ngokuziqhayisa. "Nenze kahle," kusho uNkosikazi Khumalo. "Manje sesinomsebenzi wokuzigcina zikulesisimo!"*

*Mrs Khumalo is amazed at the difference. "My dad and I did it," says Bali, smiling proudly. "Well done," says Mrs Khumalo. "Now we have to make sure the school toilets stay like this!"*



*Egunjini lokufundela, wonke umfundi ufuna ukungenela ithimba lofokisi bamanzi. Bakhetha iqembu lokuhlanza lezindlu zangasese, " Ngizobheka ukhula," "Ngizoshanela." "Ngizohlanza." "Ningakhohlwa ukuhlanza izandla zenu." Kusho u Dumisani.*

*Back in class, everyone wants to join the Water Detectives. They choose teams for toilet duty. "I'll do the weeds." "I'll sweep." "I'll clean." "Don't forget to wash your hands," says Dumi.*



# Izenzo

## Umsebenzi 1: Ukwenza ucwaningo ngezindlu zangasese

U-Dumisani wayengakuthandi ukusebenzisa izindlu zangasese zasesikoleni ngoba zazingcolile futhi zinuka kabi. Zazinkulu futhi kuyena. Zinjani izindlu zangasese zakho? Zibheke bese uphendula le mibuzo elandelayo.

| Ucwaningo ngezindlu zangasese | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **Izindlu zangasese** | | | | |
| Zingaki izindlu zangasese zamantombazana? | | Zingaki izindlu zangasese zabafana? | | |
| Ngabe izindlu zangasese zihlanzekile | kakhulu | zihlanzekile | zingcolile | zingcole kakhulu |
| Ingabe izindlu zangasese zincane ngokwanele ukuthi abafundi abancane bakwazi ukuzisebenzisa | yebo / cha | Uma lezo zindlu zangasese zinkulu kakhulu, ingabe zikhona yini izitebhisi zokuthi abafundi abancane bakwazi ukugibela bazisebenzise | yebo / cha | |
| Ingabe izindlu zangangasese zinuka kabi? | yebo / cha | Ingabe zikhona yini izimpunkane? | yebo / cha | |
| Ingabe izindlu zangasese zinazo izicabha? | yebo / cha | Ingabe lezo zicabha ziyavaleka yini? | yebo / cha | |
| Ingabe lezo zicabha ziyakhiyeka yini? | yebo / cha | Ngabe likhona yini iphepha lasendlini yangasese | yebo / cha | |
| Ingabe izingane ziyachama noma ziyazikhulula kwezinye izindawo ngaphandle kwasendlini yangasese na? | yebo / cha | Ingabe bachama noma bazikhulula kephi? | yebo / cha | |
| **Ukugeza Izandla** | | | | |
| Ingabe akhona yini amanzi okugeza izandla emuva kokuzikhulula | | | | |
| Ingabe ungazigezaphi izandla? | Empompini osesitsheni esifakelwe odongeni | | Ebhakedeni lamanzi | |
| | Endishini yamanzi | | Ngaphansi empompini | |
| Ikhona insipho na? | | Likhona ithawula? | | |

| **Ukunakekelwa kwezindlu zangasese** | | |
|---|---|---|
| Izindlu zangasese ziyimigodi noma zinamazi ashaywayo? | | |
| Ubani ohlanza izindlu zangasese nendawo eniwasha kuyo izandla? | | |
| Uma izindlu zangasese, osinki noma ompompi kungasebenzi, nitshela bani ? | | |
| Ubani olungisa izindlu zangasese, osinki kanye nompompi uma kungasebenzi? | | |

| **Amanzi** | | | | |
|---|---|---|---|---|
| Isikole sakho siwathola kuphi amanzi? (Khetha okukodwa kwalokhu) | Kukhona umhosha/ umfula eduze nesikole | | Ithilaki liyawaletha amanzi esikoleni | |
| | Kunethangi lamanzi | | Kukhona isigwedlo samanzi esinethangi lokugcina amanzi | |

| | | | |
|---|---|---|---|
| Mangaki amathange amanzi noma amathangi okugcina amanzi? | | Bangaki ompompi abakhona? | |
| Bayaconsa ompompi? | | Uma ompompi bengenabo osinki, kukhona ibhakede okuconsela kulo amanzi? | |

| | |
|---|---|
| Lithululwa kangaki ibhakede? | |
| Lithululelwa kuphi ibhakede? | |
| Ungawaphuza lawomanzi? | |
| Anuka kahle aphinde abemnandi noba cha? | |

## Umsebenzi 2: Ngabe amagciwane anda kanjani?

*Manje ngoba sesilwenzile ucwaningo, ake sithole kabanzi ngamagciwane nanokuthi anda kanjani aze abange ukuthi abantu bagule.*
*Nazi izithombe eziphuma endabeni ka-Dumisani beno-Bali. Ngaphansi kwezithombe kukhona imisho echaza ukuthi kwenzekeni endabeni. Fanisa imisho kanye nezithombe.*

**Umsebenzi 3: Ungakuvimba kanjani ukusabalala kwamagciwane**

Landela lemigqa ukuze ubone ukuthi ungakuvimbela kanjani ukusabalala kwamagciwane.




**Umsebenzi 4: Ukudlala umdlalo wempilo**

Dlala lo mdlalo ukuze ukhumbule ukuthi ungazigcina kanjani unempilo

